




## Keep them reading!

**Getting young children into the reading habit is sometimes easier, than helping them to sustain it as they get older! So, what can you do to help make sure that your children keep reading throughout their childhood and into their teenage years? Here are some ideas:**

- If children have been exposed to books from an early age, then often by age 9 they have developed a preference for particular types of books. Some children like stories about characters in real-life situations; others like fantasy. Some children like adventure stories; others like science fiction. Developing a preference for a particular type of story is a completely natural process and is part of maturing as a reader, so don't worry if your children only want to read one or two types of books!
- Share chapter books by reading two or three chapters together each day.
- Remember to share other reading material too: magazine articles, poems and newspapers as well as material you may have downloaded from the Internet.
- If your children prefer to read on their own, set aside a short time in the week when you all discuss the books that they are currently reading. Or, find out about what they are reading more informally by asking them what happened in a previous chapter as they settle down to continue to read a book.
- If you have just started reading to children aged 9 or older and they are not yet able to read independently, try choosing picture



books to read together to start with. Books of fables or traditional stories often have illustrations in them which make them suitable for late-starters or reluctant readers. Once you are in a routine of reading together regularly, you can introduce short novels as these often have simpler plots and fewer lengthy descriptive passages.

- Spend some time each week reading to your children – even when they are competent independent readers. Choose books that are slightly more advanced than the level at which they are currently reading on their own.
- Some teenagers can't get enough of books and always seem to have their nose in a book while others often go through phases of hardly reading at all. Encourage less-regular readers by continuing to expose them to reading material in subtle ways: buying magazines for them, leaving a newspaper lying around, suggesting they visit websites with interesting content and visiting the library or popping into a bookshop when they just 'happen' to be with you! If you have friends with children of the same age, find out what these children are reading and perhaps suggest these books to your child.

## Bagcine befunda!

**Ukwenza ukuthi izingane ezincane zijwayele ukufunda ngesinye isikhathi kulula kunokuthi uzigcine zifunda ngesikhathi zikhula! Ngakho, yini ongayenza ukuze uqinisekise ukuthi izingane zakho zifunda zisencane ukuya eminyakeni yazo ephakathi kweyi-13 neyi-19? Nanka amanye amasu.**

- Uma izingane zitholane nezincwadi zisencane, ngokujwayelekile uma sezineminyaka eyi-9 zisuke sezinezinhlobo ezithile zezincwadi ezizithandayo. Ezinye izingane zithanda izindaba ezimayelana nabalingiswa abasezimweni ezenzeka empilweni; ezinye zithanda izindaba ezisuselwa ezintweni ezingewona amaqiniso. Ezinye izingane zithanda izindaba ezimayelana nezehlakalo ezithile, ezinye zithanda ezisuselwa kokuphathelene nesayensi. Uthando lohlobo lwezindaba ezithile luwuhlelo oluzenzekelayo nje futhi luyingxenye yokuba mnkantsha ubomvu njengomfundi, ngakho ungakhathazeki uma ingane yakho ithanda uhlobo olulodwa noma izinhlobo ezimbili zezincwadi!
- Yabelanani ngezincwadi ezinezahluko ngokufunda izahluko ezimbili noma ezintathu usuku ngalunye.
- Khumbulani ukwabelana nangezinye izinhlobo zemibhalo futhi: okubhalwe kumaphephabhuku, izinkondlo nokubhalwe kumaphephandaba kanye nokubhaliwe okungenzeka ukuthi nikuthwebule kwi-Intanethi.
- Uma izingane zakho zithanda ukufunda zodwa, bekani isikhathi esincane phakathi nesonto lapho nidingida khona izincwadi ezizifundayo njengamanje. Noma, ukuthola kabanzi ngalokho abakufundayo ngokubabuza ukuthi

kwenzekeni esahlukweni esedlule ngesikhathi besazilungiselela ukuqhubeka nokufunda incwadi.

- Uma usanda kuqala ukufundela izingane ezinale minyaka yobudala futhi uma kuwukuthi azikakwazi ukuzifundela ngokuzimela, zama ukukhetha izincwadi ezinezithombe eningazifunda ndawonye, eningaqala ngaso. Izincwadi ezinezingane kwane noma ezinezindaba zomdabu zijwayele ukuba nemidwebo ezenza zibe kahle kubafundi abaqala ukufunda bebadala noma abangafuni ukufunda. Uma senijwayele ukufunda ndawonye, ningethula amanoveli amafishane njengoba lawa evame ukuba nesakhiwo esilula kanye nezigaba ezinde ezichaza ngokuthile ezimbalwa.
- Chitha isikhathi esithile isonto ngalinye ufundela izingane zakho – noma sebengabafundi abakwazi ukufunda ngokuzimela. Khetha izincwadi ezithe thuthu kunezinga abazifundela kulo.
- Ezinye izingane ezineminyaka ephakathi kweyi-13 ukuya kweyi-19 azikwazi ukuhlala ngaphandle kwezincwadi futhi zihlala zifunda, ngesikhathi ezinye ziba nesikhathi ezingafundi lutho ngaso. Gqugquzela abafundi abangafundi njalo ngokuqhubeka nokubanikeza okufundwa ngendlela enganakekile nje: ukubathengela amaphephabhuku, beka iphephandaba, phakamisa ukuthi bavakashele amawebhusayithi aqukethe okuhlaba umxhwele nokuthi baqhubeke nokuvakashela umtapo wezincwadi noma ukuthi baye esitolo sezincwadi uma 'benawe'! Uma unabangani abanezingane ezineminyaka efanayo, thola ukuthi ngabe lezi zingane zifundani nokuthi mhlawumbe ungancoma lezi zincwadi enganeni yakho.



Drive your  
imagination

Sparking children's potential through  
storytelling and reading  
Ukokhela inhlansi yalokho  
izingane ezingakwazi ukukwenza  
ngokuxolela izindaba nokufunda





**Q:** My daughter is 3 years old and ever since I started reading your supplement, I've been reading to her at bedtime every day. She also has story time in the morning and afternoon at the educare centre she goes to. But I find that when we share books together at bedtime we're both a bit irritable because we're tired after our busy days! I know that reading to children at bedtime is what most people suggest. What can I do to make this time more relaxed for both of us?

Zinhle Mbuli, Benoni

**A:** You're absolutely right that whenever you read together the most important thing is that these times are relaxing and enjoyable for you both! Try out a few different times of day to see what suits you best. Remember that you can share stories whenever it feels right for you, no matter what time it is. Sometimes playing a little game or singing a song your daughter loves will also help to get her in the mood. A good selection of books is useful too, so she can choose. Be guided by the way you both feel. Even five minutes a day is good, as long as it's positive and fun!


**Q:** Indodakazi yami ineminyaka emi-3, futhi selokhu ngaqala ukufunda izithasiselo zenu, ngiyifundela nsuku zonke ngesikhathi sokulala. Futhi inesikhathi sokufundelwa indaba ekuseni nasemini enkulisa yayo. Kodwa ngithola ukuthi uma sabelana ngokufunda izincwadi ngesikhathi sokulala sesinenhliziyo encane ngoba sisuke sikhathele ngemva kwezinsuku esimatasatasa ngazo! Ngiyazi ukuthi abantu abaningi baphakamisa ukufundela izingane ngesikhathi sokulala. Ngingenza kanjani ukuthi lesi kube isikhathi sokuphumeza imizimba kithina sobabili?

NguZinhle Mbuli, eBenoni

**A:** Uqinisile ukuthi uma nifunda, into ebaluleke kakhulu ukuthi lezi zikhathi zinenze nikhululeke nokuthi zithokozeleke kinina nobabili! Zama izikhathi ezahlukeni zosuku ukuze ubone ukuthi yisiphi isikhathi esinisebenzela kahle. Khumbula ukuthi ningabelana ngezindaba noma yinini uma lokhu kubonakala kukuhle kuwena, noma inini. Ukudlala umdlalo omncane noma ukuculela indodakazi yakho iculo eliithandayo ngesinye isikhathi kungasiza nakho ekuyenzeni ibe sesimweni esifanele. Ukukhetha izincwadi zokufunda ezikahle nakho kuyasiza futhi, ukuze akwazi ukukhetha. Holwani yindlela enizizwa ngayo nobabili. Imizuzu emihlanu ngosuku nayo ikahle, uma lokhu kunomthelela omuhle futhi kunithokozisa!

STOP! If you aren't going to use this supplement, please give it to someone who will! Deliver it to a school, community centre, library or someone you know.

YIMA! Uma ungeke usisebenzise lesi sithasiselo sicela usinikeze umuntu ozosisebenzisa. Sihambise esikoleni, esikhungweni somphakathi, kumtapowolwazi noma kumuntu omaziyo.



Dear Nal'ibali...  
Nal'ibali othandekayo...

Write to  
Nal'ibali at PO Box  
1654, Saxonwold, 2132 or  
letters@nalibali.org

Bhalela ku-Nal'ibali e: PO Box  
1654, Saxonwold, 2132 noma  
letters@nalibali.org



**Q:** My four-year-old son owns a few books and we go to the library every Saturday morning so that there are others books that I can read to him too. My problem is that at the moment there is only one book that my son ever wants me to read him! If I start reading another book, he just says that he doesn't want to hear that story and gives me his favourite book to read to him! I don't mind reading his favourite story again and again but I want him to get the most out of our story times and I don't think that he is because we are not reading enough different books. How do I change this?

Sarah Meeson, Pietermaritzburg

**A:** You are not the first adult to ask us this question! It is very common for young children to want to hear their favourite stories told or read over and over again! Mostly this happens for a while and then children find a new 'favourite' story to keep asking for. In the meantime, please do not worry: every time your child hears his favourite story he is learning about how stories and language work and making connections between the words and letters on the page and how they represent the same sounds each time they are read. All of this is developing his literacy. You can encourage him to try other books by suggesting that you each choose a book for you to read to him. That way he can continue to choose his one-and-only favourite book of the moment and you get to introduce a different book to him every day!

**Q:** Indodana yami eneminyaka emine inezincwadi ezimbalwa futhi siya emtatsheni wezincwadi njalo ngoMgqibelo ekuseni ukuze sithole nezinye izincwadi engingayifundela zona. Inkinga yami njengamanje ukuthi iyodwa kuphela incwadi indodana yami ethanda ukuthi ngiyifundele yona! Uma ngiqala ukuyifundela enye incwadi ivele ithi ayithandi ukuzwa enye indaba bese inginikeza indaba eyithandayo ukuthi ngiyifundele yona! Anginankinga nokuhlala ngiyifundela indaba eyithandayo kodwa ngifuna ithole okuningi ngezikhathi zendaba, angicabangi ukuthi kuyenzeka lokhu ngoba asifundi izincwadi ezahlukeni eziningi. Ngingakushintsha kanjani lokhu?

NguSarah Meeson, ePietermaritzburg

**A:** Awuyena umuntu omdala wokuqala ukubuza lo mbuzo! Kuyinto ejwayelekile ukuthi izingane zithande ukuzwa indaba yazo eziyithandayo ixoxwa noma ifundwa ngokuphindelela! Lokhu kuvame ukwenzeka izikhathi ezimbalwa bese izingane zithola indaba 'eziyithandayo' entsha ezizolokhu ziyicela. Okwamanje sicela ungakhathazeki: njalo uma ingane yakho izwa indaba yayo eyithandayo ifunda ngokuthi zisebenza kanjani izindaba kanye nolimi, futhi zihlanganisa ukuxhumana phakathi kwamagama nezinhlamvu zamagama ezisekhasini, nokuthi zihlangamvu zimele imisindo efanayo njalo uma kufundwa. Konke lokhu kuthuthukisa ukwazi kwakhe ukufunda nokubhala. Ungamgqungqazela ukuthi azame ezinye izincwadi ngokuthi uphakamise ukuthi lowo nalowo akhetha izincwadi ukuze umfundele zona. Ngaleyo ndlela angaqhubeka nokukhetha incwadi yakhe ayithanda kakhulu ngaleso sikhathi futhi ungakwazi nokumethulela incwadi entsha nsuku zonke!

**Create your own mini-book Zenzele ibhukwana lakho**

1. Take out pages 3 to 6 of this supplement.
  2. Fold it in half along the black dotted line.
  3. Fold it in half again.
  4. Cut along the red dotted lines.
1. Khipha ikhasi 3 ukuya ku 6 kulesi sithasiselo.
  2. Lisonge libe nguhhafu lapho kunomugqa (ulayini) wamachashaza amnyama khona.
  3. Lisonge libe nguhhafu futhi.
  4. Sika lapho kunomugqa wamachashaza abomvu khona.



## Get story active!

After you and your children have read *Jingle-jingle in my pocket* you might want to try out some of these ideas.

### If you have 10 minutes...

- Look at the pictures again. Choose some of them to focus on and, with your children, talk about what they think the people in the pictures might be feeling.
- In the story, Thandi misses her mother. Encourage your children to suggest why they think her mother does not live with her.

### If you have 30 minutes...

- Tell a story about a time in your own life when you had to put a lot of effort over a period of time into achieving something you really wanted or needed.

### If you have one hour...

- In the story, Thandi makes cookies to sell. Get your children baking by trying out this delicious, but easy, biscuit recipe with them. Remember to read through the recipe with them before you begin.

### Jam biscuits

#### Ingredients:

- 6 tablespoons butter
- ½ cup sugar
- 1 egg
- ½ teaspoon vanilla essence
- 1 pinch of salt
- 1¾ cups self raising flour
- ½ cup jam



1. Preheat the oven to 180°C.
2. Grease and lightly flour two baking sheets.
3. Use a wooden spoon to mix the butter and sugar together well.
4. Add the egg and vanilla essence. Beat the mixture well.
5. Add the flour and the salt. Mix together well.
6. Roll the mixture into balls about the size of a 50c piece.
7. Put the balls on the baking trays.
8. Push the back of the wooden spoon into the middle of each ball to make a hollow. Fill it with about ½ teaspoon of jam.
9. Bake at 180°C for 10 to 15 minutes.

## Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Ngemuva kokuba wena kanye nezingane zakho senifunde *Kukhala imali ekhukhwini lami* kungenzeka nithande ukuzama eminye yale miqondo.

### Uma ninemizuzu eyi-10...

- Bhakani izithombe futhi. Khethani ezinye zazo eningaxila kuzona; unezingane zakho, xoxani ngokuthi ngabe nicabanga ukuthi ngabe bazizwa kanjani abantu abasesithombeni.
- UThandi ukhumbula umama wakhe endabeni. Gqugquzela izingane zakho ukuthi ziphakamise ukuthi zicabanga ukuthi kungani umama wakhe engahlali naye.

### Uma ninemizuzu engama-30...

- Xoxa indaba ngesikhathi empilweni yakho lapho kwadingeka khona ukuthi usebenze ngamandla isikhathi eside ukuze uthole into owawuyifuna noma owawuyidinga ngempela.

### Uma unehora...

- UThandi endabeni wenza amabhisikidi azowadayisa. Yenza ukuthi izingane zakho zibhake ngokuzama le resiphi yamabhisikidi amnandi kodwa alula nazo. Khumbula ukufunda nazo iresiphi yonke ngaphambi kokuba niqale.

### Amabhisikidi kajamu

#### Izithako:

- 6 izipuni zebhotela
- ½ wenkomishi kashukela
- 1 iqanda
- ½ ithisipuni le-*vanilla essence*
- 1 isilinganiso sikasawoti oncinzwe kancane
- 1¾ inkoshi ye-*self raising flour*
- ½ wenkomishi kajamu

1. Fudumeza uhavini ngo-180°C.
2. Gcoba ngamafutha bese ufafaza ufulawa kancane emaphepheni okubhaka aphezu kwamapani okubhaka.
3. Sebenzisa ukhezo ukuze uhlanganise kahle ibhotela noshukela.

4. Faka amaqanda ne-*vanilla essence*. Hlanganisa kahle ingxube.
5. Faka ufulawa nosawoti. Hlanganisa kahle.
6. Gingqa inhlama ibe ngamabhola alingana no-50c.
7. Beka amabhola emapanini okubhaka.
8. Faka phakathi nebhola ingemuva lokhezo ukuze wenze imbobo. Yigcwalise ngo-½ wethisipuni likajamu.
9. Bhaka ngo-180°C imizuzu eyi-10 ukuya kweyi-15.

### Can you...

- colour in this picture of Thandi
- add two chickens to the picture
- write what you think the people are saying in the speech bubbles?

### Ngabe ungakwazi...

- ukhlobisa ngombala lesi sithombe sikaThandi
- ukwengeza izinkukhu ezimbili esithombeni
- ukubhala lokho ocabanga ukuthi abantu bayakusho emabhamuzeni enkulumo?



## Story corner

Here is a traditional story from West Africa for you to read aloud or tell.

### Number one washerwoman

Retold by Jay Heale

Years ago, somewhere in Africa, a chief struggled to bring peace and happiness to his people. Many people helped him. Some were soldiers, some were builders, some were advisers, some were farmers. Some only worked in the chief's kraal.

The chief became rich and powerful. One day he decided that all those who had helped him should be rewarded. So messages were sent and drums were drummed. Everyone gathered in the village meeting place under the Marula tree.

The chief clapped his hands. Baskets full of gleaming gold coins were carried in. There was so much money that it filled the middle of the village square.

"Now, my faithful friends," said the chief. "I want to reward each one of you. Some of you have done a lot and some have done less. Now you can claim your own reward. How much do you think you deserve?"

"Five thousand coins," said the general.

"One thousand," said the prime minister.

"Five hundred," said the keeper of the chief's huge herd of cows.

"One hundred," said the head cook, waving her wooden spoon with great excitement.

"Fifty," said the sentry at the door.

But the washerwoman said only, "I want one."

The chief stood. "You have claimed fairly," he told them. "My money counter will make sure that you get exactly what you have asked for." Then he left them.

The money counter bent over the first bag to start counting.

"One," he said.

The washer woman raised her hand. "That's mine," she said. Everyone nodded and she put the coin in her bag.

The money counter started again. "One," he said.

"That's mine," said the washerwoman. "I asked for one." She took the coin.

The official started counting aloud again and again, but each time he said, "One," the washerwoman claimed the coin. Her bag grew heavier. The people waiting under the tree became annoyed but there was nothing they could do. The washerwoman was only receiving what the chief had agreed on.

One by one, the others went home and the clever washerwoman became the richest person under the Marula tree.




Illustration by Meg Jordi  
Imidwebo yenziwe uMeg Jordi

## Ikhona lezindaba

Nansi indaba yomdabu evela eNtshonalanga ne-Afrika ongayifunda kakhulu kuzwakale noma uyixoxe kakhulu.

### Owesifazane owasha izingubo nohlamvu lokuqala lwemali ewuhlweza

Ixoxwa kabusha uJay Heale

Eminyakeni eminingi eyedlule, endaweni ethile e-Afrika, kunenkosi eyayihluleka ukuletha uxolo nenjabulo ebantwini bayo. Bani ngi abantu abayisiza. Abanye babo babengamasosha, abanye babengabakhi, abanye babengabeluleki, abanye bengabalimi. Abanye babo babesebenza esibayeni senkosi.

Inkosi yaceba futhi yanamandla. Ngelinye ilanga yanquma ukuthi kumele kuklonyeliswe bonke abantu abayisiza. Ngakho kwathunyelwa imiyalezo kwashaywa nezigubhu. Kwahlangana wonke umuntu endaweni yokubambela imihlangano ngaphansi komganu.

Inkosi yashaya izandla. Kwase kungena obhasikidi ababegcwele imali ewuhlweza yegolide ecwebezelayo. Imali yayiningi kangokuthi yagcwala indawo ephakathi nenkundla.

"Manje, bangani bami abathembekile," kusho inkosi. "Ngithanda ukuklomelisa omunye nomunye kinina. Abanye benu benze okuningi kanti abanye benu benze okuncane. Manje ningasho ukuthi nifuna malini. Nicabanga ukuthi kumele nithole malini?"

"Imali ewuhlweza eyizinkulungwane ezinhlanu," kusho ujenene.

"Inkulungwane," kusho uNdunankulu.

"Amakhulu amahlanu," kusho umelusi womhlambi omkhulu wezinkomo zenkosi.

"Ikulu," kusho induna yabapheki, iphakamisa ukhezo ngesasasa.

"Amashumi amahlanu," kusho umlindi womnyango.

Kodwa owesifazane owasha izingubo wathi, "Ngifuna okukodwa kuphela."

Inkosi yasukuma. "Nikhetha kahle," isho kubo. "Umbali wemali wami uzokwenza isiqiniseko sokuthi nithola lokho enikucelile." Yase ibashiya.

Umbali wemali wagoba esikhwameni sokuqala ukuze aqale ukubala. "Kunye," kusho yena.

Owesifazane owasha izingubo waphakamisa isandla sakhe. "Eyami," kusho yena. Bonke abantu banqekizisa amakhanda ngesikhathi efaka uhlamvu lwemali ewuhlweza esikhwameni sakhe.

Umbali wemali waqala futhi. "Kunye," kusho yena.

"Eyami," kusho owesifazane owasha izingubo. "Ngicele eyodwa." Wathatha uhlamvu lwemali ewuhlweza.

Isikhulu saqala ukubala kakhulu ngokuphindelela, kodwa njalo uma sithi, "Kunye," owesifazane owasha izingubo wayethatha uhlamvu lwemali ewuhlweza. Isikhwama sakhe saya ngokusinda. Abantu ababelinde ngaphansi komganu baqala ukunengwa kodwa yayingekho into ebangayenza. Owesifazane owasha izingubo wayethola lokho okwakuvunywe inkosi.

Abantu bagoduka ngamunye ngamunye, owesifazane owasha izingubo ohlakaniphile waba umuntu ocele kakhulu ngaphansi komganu lowo.

From: *Three clever thinkers*  
by Jay Heale © 2009

CAMBRIDGE

### In your next Nal'ibali supplement:

- Using the Nal'ibali supplements at your reading club
- Story stars: a literacy organisation that lets children shine
- Mini-book, *Dorothy's visit*
- A read-aloud story, *The ugly duckling*

Can't wait until next week for more reading and story tips, tools and inspirational ideas?

Visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or find us on Facebook: [www.facebook.com/nalibaliSA](http://www.facebook.com/nalibaliSA)



Find us on Twitter:  
[@nalibaliSA](https://twitter.com/nalibaliSA)  
Tholana nathi kwi-Twitter:  
[@nalibaliSA](https://twitter.com/nalibaliSA)

### Esithasiselweni sakho esilandelayo sakwaNal'ibali:

- Ukusebenzisa izithasiselo zeNal'ibali ethimbeni lokufunda lakho.
- Ovelele ezindabeni: isikhungo esifundisa ukufunda nokubhala esivumela izingane ukuthi ziqhakaze
- Ibhukwana, *Ukuvakasha kuka-Dorothy*
- Indaba efundwa kakhulu kuzwakale, *Udado omubi*

Ngabe awukwazi ukulinda kuze kube ngesonto elizayo ukuze ufunde nangokunye kanye namathiphu endaba, amathuluzi kanye nemiqondo evusa usinga? Vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) futhi ungasithola naku-Facebook: [www.facebook.com/nalibaliSA](http://www.facebook.com/nalibaliSA)





We publish what we like

Read the original story, *Jingle-Jingle in my pocket*, available in isiZulu, isiXhosa, Afrikaans, Siswati, Sepedi, Sesotho, Setswana, Xitsonga, Tshivenda and isiNdebele.

Funda indaba eyisisusa ethi, *Kukhala imali ekhukhwini lami*, le ndaba iyatholakala ngesiNngisi, isiXhosa, isiBhunu, iSiswati, iSepedi, iSesotho, iSetswana, iXitsonga, iTshivenda nangesiNdebele.

[www.jacana.co.za](http://www.jacana.co.za)

© Jacana Media (South African rights only)  
Tel: (011 628 3200)


Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment initiative to get people in South Africa – children and adults – passionate about telling and reading stories. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)



Nal'ibali umkhankaso kazwelonke wokujabulela ukufunda ukwenza ukuthi abantu baseNingizimu Afrika – izingane nabantu abadala – babenogqozi lokuxoxa kanye nokufunda izindaba. Ukuthola ulwazi olunabile, vakashela e: [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)




Drive your imagination



My best shoes are broken. I am sad. I know Gogo has very little money. New shoes are so expensive. What am I going to do?

“There are many ways we can make money, Thandi. We can sell chickens and vegetables. We can mend clothes or bake some of your favourite cookies. Together we can do this,” says Gogo.



Izicathulo zami engizikhonzile zidabukile. Ngizwa ubuhlungu enhlizweni yami. Ngiyazi ukuthi ugogo akanamali. Izicathulo ezintsha ziyabiza kakhulu. Ngizokwenzenjani?

“Ziningi izindlela esingenza ngazo imali, Thandi. Singathengisa izinkukhu nemifino. Singathunga izingubo zokugqoka noma sibhake amakhekhe owathanda kakhulu. Lokhu singakwenza sobabili,” kusho ugogo.

First Gogo buys some chickens from a farmer. We are going to sell them to our neighbours. The chickens make a big noise. I hope Gogo will let me keep one.



Ugogo waqala ngokuthenga izinkukhu epulazini. Sizothengisela omakhelwane bethu. Ave zinomsindo lezi zinkukhu. Ngithemba ukuthi ugogo uzongipha eyodwa.

Today we are selling some of the chickens. I feel sorry for them. Gogo tells me that I must look after all the money. When somebody buys a chicken, I put the money in my pocket. I hear the coins go jingle-jingle in my pocket.



Namhlanje sithengisa ezinye zezinkukhu. Ngizizwela ubuhlungu. Ugogo uthi kufanele ngibheke yonke imali. Uma umuntu ethenga inkukhu, ngifaka imali ekhukhwini. Ngizwa izinhlamvu zemali zikhala zithi khehle! khehle! ekhukhwini lami.

“Those naughty chickens are eating my spinach!” says Gogo crossly. “Come Thandi, help me pick some vegetables. We are going to sell them to Nombulelo.” I laugh when the chickens run faster than I do.



“Lezi zinkukhu ezingezwa zidla isipinishi sami!” kusho ugogo ethukuthele. “Woza Thandi, ngisize ngikhe imifino. Sizoyithengisela uNombulelo.” Ngiyahleka uma izinkukhu zigijima zingidlula ngesivinini.

Everybody likes Gogo's vegetables. The spinach is so green and tasty. The carrots are so sweet and crunchy. Nombulelo's coins go jingle-jingle in my pocket.




Bonke abantu bayayithanda imifino kagogo. Isipinishi siluhlaza futhi simnandi. Okherothi bamtoti futhi bayafohlozela. Izinhlamvu zemali kaNombulelo ziyakhala zithi khehle! khehle! ekhukhwini lami.

Gogo is mending Siphos broken zip. I am making some head scarves. I can use Gogos sewing machine. I feel so grown up. I am excited about my new shoes.



Ugogo uthunga uziphu odabukile kaSipho. Mina ngithunga amaduku. Ngiyakwazi ukusebenzisa umshini wokuthunga kagogo. Ngizibona ngikhulile. Ngijabule kakhulu ngezicathulo zami ezintsha.

The mamas tell Gogo how clever I am. I feel proud and I feel shy. I touch the money the mamas gave me. The coins make a soft jingle-jingle in my pocket.




Omama bathi ngihlakaniphile kakhulu. Ngifikelwa ukuziqhenya ngiphinde ngingenwe amahloni. Ngithinta imali engiyinikwe omama. Izinhlamvu zemali zikhala kancane zithi khehle! khehle! ekhukhwini lami.

I fold the dress that Gogo made for Nozuko. I think of my Mama. She used to look so beautiful in Gogo's dresses. I miss her. She would be proud of me for helping Gogo.




Ngisonga ingubo ugogo ayithungele uNozuko. Ngicabanga ngomama wami. Wayeba muhle uma egqoke izingubo azithungelwe ugogo. Ngiyamkhumbula. Ubezoziqhenya ngami uma engibona ngisiza ugogo.

“Thank you for my dress!” says Nozuko. I feel close to Mama when Nozuko hugs me. Nozuko gives me two shiny coins. The coins go jingle-jingle in my pocket.




“Ngiyabonga ngengubo yami!” kusho uNozuko. Ngizwa ngikhumbula umama wami uma uNozuko engisingatha. UNozuko unginika izinhlamvu ezimbili zemali ecwebezelayo. Izinhlamvu ziyakhala zithi khehle! khehle! ephaketheni lami.

Today we are baking. The cookies are turning a golden brown. My tummy is hungry for a bite. I am going to keep the last cookie for myself. I smile a secret smile when I think of my shiny new shoes.



Namhlanje siyabhaka. Amakhekhe aphenduka umbala onsundu sagolide. Isisu sami silambeke ukudla ikhekhe. Ngizozibekela ikhekhe lokugcina. Ngimoyizela ngedwa uma ngicabanga ngezicathulo zami ezintsha ezicwebezelayo.

I want to pop the cherries in my mouth. I want to bite into the crunchy cookies. Then I remember my new shoes. When I sell the cookies, the coins go jingle-jingle in my pocket.



Ngifuna ukuphonsa amasheri emlonyeni wami.  
Ngifuna ukuluma amakhekhe afohlozelayo.  
Ngibe sengikhumbula izicathulo zami ezintsha.  
Uma ngithengisa amakhekhe, izinhlamvu zemali  
zikhala zithi khehle! khehle! ekhukhwini lami.

I am looking after Thabo for Wandiswa. She is going to pay me for babysitting him. When he laughs, his fat little cheeks shine. I love to kiss his soft skin. Today he is my baby.



Ngisiza uWandiswa ngokumbhekela uThabo.  
Uzongikhokhela ngokubheka uThabo. Uma  
ehleka, izihlathi zakhe ezincane ezikhuluphele  
ziyacwazimula. Ngiyathanda ukuqabula isikhumba  
sakhe esithambile. Namhlanje ungumntanami.

Wandiswa says I can look after Thabo again. I feel like a grown-up mama. The money for babysitting Thabo is in my pocket. Jingle-jingle, my pocket is full.



UWandiswa uthi ngingaphinda futhi ngimphathe uThabo. Ngizizwa sengathi ngingumama omdala. Imali yokuphatha uThabo isephakatheni lami. Khehle! khehle! ikhukhu lami ligcwele.

Today I am wearing my new shoes, all shiny and smelling of shop. Clip-clop go my new shoes. I am off to show my friends the shoes I bought. Gogo and I did it together.



Namhlanje ngigqoke izicathulo zami ezintsha, ziyacwebezela zinuka ubusha. Qhwasha! qhwasha! kuqhwashaza izicathulo zami. Ngiyokhombisa abangane bami izicathulo engizithengile. Ugogo nami sizithenge sobabili.